# Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu

# noNal'ibali

Hlanganyela noNal'ibali kanye neNkosazana yase-Afrika, uYvonne Chaka Chaka, ngokudlulisela kwabanye amandla ezindaba. Funda indaba yethu ekhethekile, *UNeo nomhlaba omkhulu, obanzi*, uyifundele izingane ozaziyo ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu, mhla zingama-24 kuNhlolanja wezi-2016.



## Inzuzo eyi-8 yokufunda kakhulu

Ukufundela kakhulu izingane zakho:

- kuzikhombisa ukubaluleka kwezincwadi kanye nokufunda.
- kuninikeza izinto eningaxoxa ngazo ndawonye.
- kwakha ukuxhumana phakathi kwenu.
- kuzivumela ukuthi zizizwele ukuthi ukufunda kuwumsebenzi owenelisayo.
- kuzikhuthaza ukuthi zifunde ukuzifundela, nokuthi ziqhubeke nokufunda.
- kuzikhombisa ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi.
- kuzivumela ukuthi zithokozele izindaba ezingaphezu kwezinga lazo lokwazi ukufunda lamanje.
- kuthuthukisa amagama eziwaziyo kanye nokwazi ulimi.

## Ukubamba iqhaza

Yana ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze ubhalisele umndeni wakho, ithimba lakho lokufunda noma isikole sakho umcimbi omkhulu kunayo yonke eNingizimu Afrika woSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu!

## Imisebenzi emi-5 yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu

1. Funda indaba ethi, *UNeo nomhlaba omkhulu, obanzi*, ekhasini lesi-2 nelesi-3 ufundele izingane zakho kanye nabanye. Zijwayeze ukufunda kakhulu kaningana ngaphambi kokuba ufundele izingane bese ukhumbula ukuzwakalisa imizwa ezwini lakho ngesikhathi ufunda. Mayelana nezingane ezincane kakhulu, mhlawumbe ungathanda ukuzikhombisa izithombe ngesikhathi uxoxa indaba ngamazwi akho alulana nje.
2. Khuthaza izingane zakho ukuthi zichaze indaba ngokuzicela ukuthi zidwebe noma zipende isithombe sengxenye eziyithandile.
3. Nindawonye, cabangani futhi nenze isigcawu sasendabeni nisebenzisa izinto ezisendaweni yenu. Yenzani uhlobo oluyisilinganiso sangempela sesigcawu, noma nenze isigcawu esincane ebhokisini lezicathulo.
4. Yabelana ngendaba yakho oyithandayo yangesikhathi useyingane nezingane zakho, njengoba kwenze uGogo endabeni yethu.
5. Zithokoziseni ngokudlala *Indaba Esikokeleni* ethimbeni. Vumela wonke umuntu ukuthi ahlale esikokeleni. Bese ucela abantu abambalwa ukuthi bame phakathi nesikokela. Abantu abahleli esikokeleni benza indaba yethimba ngokuthi banezele umusho owodwa noma emibili endabeni njengoba izungeza iphinde izungeze nje. Abantu abami phakathi nesikokela, balingisa indaba ngesikhathi ithuthuka.



# UNeo nomhlaba omkhulu, obanzi

Indaba kaVianne Venter
Imidwebo yenziwe uRico
Ihunyushwe nguBusisiwe Pakade

UNeo wabheka ngefasitela legumbi lakhe lokulala ebuka ingxenye empunga yomgwaqo ompunga lapho okwakugcwele khona abantu abamanzi, abampunga ababegijima emvuleni empunga, ena ngamandla. Wayengakwazi ukuphuma, kanti wayesefundele uMbali zonke izincwadi zakhe.

Kusenjalo kwangena uGogo enezinwele ezibheke phezulu ngokupheshulwa umoya wangaphandle. Wayephethe okuthile. UNeo wabona ukuthi le nto iyisicaba, ithanda ukuba yisikwele, futhi inemibala eminingi … futhi yayingavuleka – injengebhokisi lomcebo!

"Le kwakuyindaba engangiyithanda ngesikhathi ngisemncane ngilingana nawe," kusho uGogo kuNeo. "Kwakuwumnyango wami wokungena emhlabeni omkhulu, obanzi."

Wase eyivula incwadi.

Ekhasini lokuqala kwakukhona isithombe sendawo yomlingo, ekude kakhulu nosuku olumpunga ngokwedlulele. Iqele lalinemibala eluhlaza okotshani kanye nesagolide nensundu, nesibhakabhaka esihle, esikhulu, esiluhlaza phezulu, kanye nelanga elifudumele, eliphuzi, elikhipha umkhovu etsheni.

"Hawu! Ngabe kuyiqiniso lokhu?" kumangala uNeo.

UGogo wamamatheka. "Hawu, awazi yini? Zonke izindaba zingezangempela, uma ukholelwa kuzo," kusho yena. Wase ekhomba endaweni ekhasini lapho kunomfana ocishe alingane noNeo onqamula eqeleni.

Lapho uGogo efunda, uNeo wavala amehlo akhe wasuka la ekhona, weqa amagquma ... wanqamula umhlaba omuhle, onsundu … esinge emhlabeni omkhulu, obanzi.



Wezwa amazwi aseqeleni.

"Phuma! Phuma!" kucula inyoni encane.

"Lolu usuku oluhle!" kucula izihlonono.

"Phuma, woza uzodlala," kuhleba umoya otshanini obude.

UNeo wakhumbula imvula enayo, empunga, futhi wazibuza ukuthi ngabe kufanele yini ukuthi abe ngaphandle. Kodwa-ke endabeni, ungenza noma yini. Kwakungekho mvula *lapha*. Ngakho, uNeo wanqamula iqele.

Into yokuqala ayibonayo kwaba yinto ephakeme enomzimba onamandla, yokhuni. Yayinezingalo ezinde, ezinsundu ezazifinyelela esibhakabhakeni, futhi inekhanda elikhulu, elingathi linezinwele eziyizinti eziluhlaza okwamaqabunga ezazipheshulwa umoya oshisayo.

"Sawubona," kusho uNeo, ehlahle amehlo. "Uyini?"

"Ngiyisihlahla. Ngikwazi ukubona kulo lonke iqele elikhulu lamathafa asagolide. Gibela, uzobuka kanye nami." Kusho isihlahla seluleka, uNeo wase egibela.



Ephezulu emagatsheni, uNeo wakwazi ukubona ukuyofika ekupheleni komhlaba. Kanti-ke kwakukuningi *okwakulaphaya* phandle, okwakucishe kumethuse lapho ecabanga ngakho.

Kodwa isihlahla sambamba walokhu ephephile, salokhu sihleba sithi, "Hamba uyohlola leya ndawo. Ungesabi. Ngumhlaba omuhle, omkhulu, obanzi laphaya."

Ngakho-ke, uNeo wehlela phansi wase enqamula iqele.

Kungekudala, wahlangana nendunduma

Ukuqhakazisa ulwazi lwezingane ngokuxoxa izindaba kanye nokufunda

Kuqala ngendaba exoxwayo...

www.nalibali.org www.nalibali.mobi nalibaliSA @nalibaliSA

yesihlabathi eqinile enezimbobo ezincane, ezifana neminyangwana. Wayezwa amazwi ayisigidi abamatasatasa ngaphakathi, kanye nokukhala kwezinyawo ezincane eziyizigidi eziyisithupha.

"Sanibona! Ningobani?" Kumemeza uNeo komunye weminyango.

"Sawubona!" kuphendula izwi elincane. "Siyizintuthwane. Sixoxa izindaba zomhlaba lapha. Ngabe kukhona ofuna ukuzizwa?"

UNeo wayezithanda izindaba, ngakho wahlala phansi wase elalela. Izintuthwane zamxoxela izindaba zazo zeqele kanye nehlathi, kanye nezintaba kanye namadolobha angaleya.

"Izindaba eziningi kangaka pho?" kubuza uNeo.

"Kunezindaba eziningi njengezinkanyezi ezisesibhakabhakeni," kuphendula izintuthwane.

UNeo wavayiza evalelisa, wase eqhubeka enqamula eqeleni.

Ekugcineni, uNeo wahlangana namanzi amaningi ayegeleza esigodini kusukela ekuseni kuze kube sebusuku. UNeo wangena ukuze apholise imilenze yakhe eshisayo.

Amanzi amthela ezinyaweni zakhe ase ehleka ethi, "Ngingumfula. Ngizula ngisuka ezintabeni ngiye olwandle. Woza, ungilandele. Ngizokuyisa ekhaya."



UNeo wacabanga nje ukuthi kwakuzoba kuhle kanjani lokho. Ngakho-ke, walandela umfula wehla ngesigodi kanye naphakathi kwezintaba. Bahamba ndawonye intambama yonke kwaze kwacishe kwaba sebusuku, ekugcineni, baze bafika esicongweni sentaba.

Eselapho-ke, uNeo wayekwazi ukubona idolobha elincane, elihlanzwe yizimvula selikhazimuliswa yilanga elase liyozilahla kunina.



Umfula wahuba kamnene wathi, "Kulungile, goduka. Kukhona abantu abakuthandayo laphaya, abalinde ukwabelana nawe ngezindaba."

UNeo wehlela phansi, wanqamula idolobha. Wabona imigwaqo enobuyaluyalu eyayidabula edolobheni, ifana nemifula. Wabona izindlu, okwakusengathi zifudunyezwe ukukhanya kwasebusuku. Ngaphakathi kwazo abantu babematasatasa, njengezintuthwane ezincane.

Ekugcineni, uNeo walunguza ngefasitela lapho okwakukhona ugogo omdala, onezingalo eziqinile kanye nezinwele ezibheke phezulu njengamagatsha esihlahla, owavala incwadi, wagoba ukuze aqabule umfanyana amfisele ubusuku obuhle.



UNeo wacabanga ngeqele kanye nezihlahla kanye nezintuthwane kanye nomfula. Kanti ngesikhathi ebuka isalukazi, uthingo lwenkosazane lwakhanyisa leyo ndlu encane ngemibala egqamile efana naleyo yesithombe esisencwadini yendaba. UNeo wacabanga ngalolu hambo olunezigameko olwalungaphakathi kwamakhasi encwadi yendaba eyayithandwa nguGogo, wabuye wacabanga ngoGogo noMbali le ekhaya.

Ngakho uNeo wasuka encwadini, wangena embhedeni wakhe ofudumele, egumbini lakhe anethezeka kulo, ekhaya lakhe elincane.

Yingakho, njalo lapho umhlaba ubukeka umpunga, negumbi lakhe libukeka lilincane kakhulu, uNeo uvele avule incwadi. Ungena emnyango ophakathi kwamakhasi encwadi, bese eya emhlabeni omkhulu, obanzi.





## Yenza ibheji!

1. Sika ulandele umugqa obomvu onamachashazi ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika indingiliza ewubukhulu obufanayo nobebheji ekhalibhothini eliwugqinsi; isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa ithephu enamathelayo noma embozayo ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu.

Sithumelele izithombe zezingane zakho namabheji okufunda kakhulu.
I-imeyili: info@nalibali.org noma uzifake ku-Facebook!

## Okumayelana noNal'ibali




UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Izingane ezithola izindaba ezimnandi nezixoxwe kahle – nangezilimi eziziqondayo – ziba nentshisekelo futhi ziyakhuthazeka ukuthi zizifundele. Lo muzwa wokufunda okwenza uzuze uyiresiphi yokuthuthukisa ukufunda ngempumelelo.

UNal'ibali wasungulwa futhi usekelwa uPRAESA (i-Project for the Study of Alternative Education). Ngokufundisa amakhono okuqhubekayo nokusebenzisana nemiphakathi, amathimba okufunda, izinhlangano eziphathelene nokwazi ukufunda nokubhala namavolontiya aneminyaka eyahlukene, nomkhankaso wengosi yokucoshela izindaba eshisa izikhotha osekelwa umlingani kwezokucoshela izindaba, i-Times Media, uNal'ibali usiza ukugxilisa usiko lokwazi ukufunda nokubhala ezimpilweni zethu zansuku zonke eNingizimu Afrika.

Kuqala ngendaba exoxwayo...

Bhalisela ukufunda kakhulu bese uba sethubeni lokuwina eyodwa yama-hamper amane ezincwadi akwa-Bargain Books! Thola kabanzi ngalokhu ku-www.nalibali.org kanye naku-www.nalibali.mobi.

Ukuze uthole eminye imininingwane vakashela ku-www.nalibali.org, www.nalibali.mobi noma uthumele i-imeyli ku-info@nalibali.org.
Ungasithola futhi ku-Facebook naku-Twitter: @nalibaliSA.